

## Exercises: Isaga 4, Isalakutshelwa sibona ngomopho

### **Umbuzo 1**

*Write a summary of the story in isiZulu.*

*Bhala isifinyezo sendaba ngesiZulu.*

### **Umbuzo 2**

*Write the proverb in isiZulu. Translate into English. Explain the meaning.*

*Bhala isaga ngesiZulu. Humusha ngesiNgisi. Chaza ingqondo.*

Isaga ngesiZulu:

Proverb in English (Literal):

Meaning/Ingqondo:

### **Umbuzo 3**

*Watch the video and then put in order the scenes.*

*Buka ividiyo bese ufaka izenzezo ngokulandelana.*

- A. Abangane bayakhulumengadini.
- B. Ubuthi uthi ‘isalakutshelwa sibona ngomopho’
- C. Abangane bafika esibhedlela.
- D. Ucingo luyakhala.

E. UVelaphi utshela ubhuti wakhe indaba yakhe.

#### **Umbuzo 4**

*Pick the correct answer.*

*Khetha impendulo elungile.*

1. Ekuqaleni sibona abantu abangaki?

- A. abantu ababili
- B. abantu abathathu
- C. abantu abahlantu

2. Umuntu ufowunela uCijimpi. Lo muntu usebezaphi?

- A. esitolo
- B. esikoleni
- C. esibhedleleni

3. UCijimpi unobuthi. Igama lakhe ngu...

- A. Velaphi
- B. Sipho
- C. Xolani

4. Lo muntu ukhombisa uCijimpi nomngane indlela

- A. udokotela
- B. umlindi
- C. unesi

5. UVelaphi usesibhellele ngoba uphuze

- A. utshwala obuningi
- B. amaphilisi amaningi
- C. ubisi oluningi

#### **Umbuzo 5**

*True or False. If the answer is false, explain.*

*Yiqiniso noma amanga. Uma impendulo ingelona iqiniso, chaza.*

UVelaphi uziphethe kahle.

UCijimpi nomngane bakhuluma ngodadewabo.

Abangane bajaha esibhedleleni.

UVelaphi usesibhellela ngoba ushaywe yimoto.

Uma uCijimpi efika ekamelweni, uVelaphi uyaxolisa.

## **Umbuzo 6**

*Translate into English.*

*Humusha ngesiNgisi.*

1. Namhlanje ufile ebusuku, izolo ufile udakiwe, iphambikwayizolo kuthiwa benilwa ngapha nibanga amantombazane ngaphezulu.
2. Uyabona mina ngangingenzi njengawe futhi ngangibalalela abantu abadala uma kukhona la ngangiphambuka khona uma ngabe bengiyala.
3. Manje inkinga ukhuluma ngezindaba zamalungelo ungitshela ngamaphoyisa ukuthi uzongibopha.
4. Ayikho inkinga
5. Ngamithisa intombazane...ewu...ukuba ngalalela...ngabe angikho la...ngiyaxolisa bhuti, baqinisile uma bethi 'isalakutshelwa sibona ngomopho'... ungixolelele.

## **Umbuzo 7**

*Listen to the video clip and fill in the blank with the Zulu word used by the speaker.*

*Lalela ividiyo bese ugcwalisa isikhala ngamagama asetshenziswa ngumuntu okhulumayo.*

1. UCijimpi: Namhlanje ufile ebusuku, izolo ufile udakiwe, I \_\_\_\_\_ kuthiwa benilwa ngapha nibanga amantombazane ngaphezulu.
2. Uvelaphi: Wena-ke ubani owayengena e \_\_\_\_\_ zakho?
3. Umngane: Kade \_\_\_\_\_ ngasho ngathi wena lo mntwana uyamesaba , uya \_\_\_\_\_ lo mfana, mdonse ngolabhabha, nge\_\_\_\_\_ nje kube kanye nje uxukuze le nto esekhanda lakhe.
4. UCijimpi: Manje laba bafana sekukhona nezinto abaziphathayo lezi, \_\_\_\_\_ abo, ungabe usasondela kodwa kubo?
5. Umngane: Vele lo umbambele eduzane engekaze athole ngisho ne \_\_\_\_\_ yokukhipha le nto azoyikhipha...

## **Umbuzo 8**

*Find the pairs of words.*

*Thola amabhanqa/bhanqanisa la magama.*

1. Kuthangi
2. Bhuti
3. Bhambatha
4. Isikhali
5. Ithuba

6. Ikamelo  
7. Kungabe  
8. Thethelala

- A. Igumbi
- B. Umfowethu
- C. Donsa ngolabhabha
- D. Igova
- E. Iphambikwayizolo
- F. Ishansi
- G. Xolela
- H. Mhlawumbe

#### **Umbuzo 9**

*The proverb “sobohla Manyosi” comes from a story of isiZulu history. Read the short story about Manyosi aloud and discuss how the meaning of sobohla Manyosi compares to that of “isalakutshelwa sibona ngomopho”.*

Ngesikhathi uShaka wayeyinkosi kwakukhona iqhawe. Igama lalo kwakunguManyosi. UManyosi wayethandwa nguShaka ngenxa yobuqhawe bakhe empini. UManyosi wahlala impilo enhle. Wadla inyama eningi. Waphuza umqombothi omningi. Akazange wabelana nabantu ngokudla kwakhe. Ngelinye ilanga uShaka wabulawa. UManyosi owayejwayele izibiliboco manje wayengazinikwa yinkosi entsha. Isisu sakhe saqala ukubohla ngenxa yalokho. Manje abantu bathi sobohla Manyosi ukukhumbuza umuntu ononya ukuthi uyoze athole okumfanele noma uyoze antule okuthize ngelinye ilanga.

#### **Umbuzo 10**

*Write your own short story in which a character is told “sobohla Manyosi” or “isalakutshelwa sibona ngomopho”.*